

ABAKWA-SARS BASEMUKELE ISINQUMO SENKANTOLO NGO-MARK LIFMAN

PRETORIA, ngoLwesibili 11 kuNhlanguvana 2019 – Abakwa-SARS bayasemukela isahlulelo esikhishelwe uMnu. Mark Roy Lifman nabanye abangama-35 abebefake isicelo eNkantolo ePhakeme yase-Western Cape ngoLwesibili mhla ziyi-11 kuNhlanguvana 2019.

Lokhu kulandela isicelo sokumiswa kwesinqumo esifakwe uLifman sokuvimbela abakwa-SARS ukuba baqhubeke nokubathathela isinyathelo sokuqoqa imali kubo.

Ngonyaka wezi-2015, abakwa-SARS baqala ngezinyathelo zokuqoqa imali kuLifman kodwa uphiko olwaluqondene nophenyo lwahlakazwa ngonyaka wezi-2016.

Isicelo sikaLifman sasincike ezinsolweni zokuthi kunezimo ezingavamile ezikhona, lapho abakwa-SARS babezipophezele ngokubuyekeza ngaphakathi bese bephinda bebhokisela imiphumela yokuhlola ekhishiwe. Uthe lokhu wakutshelwa umcwaningimabhuku wakwa-SARS wasehho visi elise-Cape Town.

Abakwa-SARS bangaqinisekisa ukuthi umcwaningimabhuku akahambisanga kahle ngesenzo sakhe, kanti lowo muntu usesishiyile isikhungo kulandela lokhu.

INkantolo ePhakeme iqinisekise lokhu okulandelayo:

- UMthetho wokuSingathwa kweNtela Nombolo 28 wezi-2011 awukuhlinzekeli ukubhekwa kabusha kokuhlolwa okuphikiswayo esicelweni;
- Indlela esebenzayo uma uphikisa umphumela wokuhlola okhishwe abakwa-SARS ukuthi ulandele okuhlinzekelwa yi-Dispute Resolution okuqokethwe eMthethweni wokuSingathwa kweNtela Nombolo 28 wezi-2011; kanti
- Isicelo sikaLifman siwukuxhashazwa komthetho.

Isahlulelo sinika abakwa-SARS ilungelo lokuqhubeka nokuthathela uMnu Lifman nabanye abangama-35 izinyathelo zokuqoqa imali.